

SBO CHONCO

Olwe-World Aids Day

LANGANO yezempilo no-
lwamakhompyutha exhaswe
bani ezaziwayo emhlabeni
Oprah Winfrey no-Charlize
ongumdlali wamafilimu
kodwa odabuka kuleli
nhle, inqume ukugubha usu-
ulwa nesifo sengculazi emh-
(World Aids Day) ngokuthi
e othisha basemakhaya nge-
ngculazi.

icimbi wenzelwe eMtubatuba
ibelo lapho othisha beni-
khona nethuba lokuzihlolela
ngokwabo.

ngquzeli walo mcimbi
kuxhumana kwaMpilonhle
andi Zulu, uthe bathathe le-
a ukuba bahlngane nothi-
ngoba izikole zivaliwe, uku-
ingide izinselelo ezithinta
di ezikoleni ngesifo sengu-

sha abanengi bayamaka yi-
isibalo sabo sisincane na-
e. Kodwa lokhu kusinika

ithuba elanele lokuba sibafundise
kabanzi ngalesi sifo siphinde siben-
zise izifundo zekhompyutha," kube-
ka uNkz Zulu.

Uqhube wathi bafuna ukuni-
kezela kabanzi ngezempilo kanye
nokuthuthukiswa komphakathi nga-
phansi kukaMasipala waseMkha-
nyakude.

Umphathi wale nhlangano uMnu
Michael Bennish uthe: "Kuvamisile
ukuthi kugxekwe othisha ngezi-
nkinga eziba sezikoleni. Kuya-
khohlakala ukuthi azikho izinsiza-
kufunda ezanele ukubhekana nes-
imo sabantwana. Thina njengenhl-
ngano sithokozela ukusiza uMnya-
ngo wezeMfundo ngokufaka isandla
lapho kudingeka khona. Laba ban-
tu bathathe isikhathi sabo njengo-
ba kuwuMgqibelo beza lapha uku-

zothola ulwazi oluzosiza abantwa-
na, kodwa konke lokhu kubuye ku-
khohlakale".

Okugqamile okuvela kothisha
abebehambela lo mcimbi, wukuthi
abafundi abanengi abangena esiga-
beni sokuqoma, abazwani nokuse-
benzisa amakhondomu ngoba bethi
yindlela yabo abatshengisa ngayo
izithandwa zabo ukuthi bathembe-
kile kuzona. Kuphinde kwavela no-
kuthi abantu abangathandisi uku-
sebenzisa amakhondomu kuyaye
kuba ngabafana njengoba bekwazi
ngisho nokuyiqhumisa ngaphambi
kokuthi kuyiwe ocansini.

Baphinde bayihlaba bayihlikiza
indaba yokuthi amantombazane
akhale ngokuthi abafana abafuni
ukusebenzisa amakhondomu njen-
goba bethe lokhu akusho lutho nje-

ngoba sekukhona amakhondomu
abesifazane.

UMnu Sabelo Khumalo ongelinye
lamakhansela akwaMpilonhle, uthe
kunzima ukukhuluma ngezinto
eziphathelene nesifo sengculazi
ezinganeni kodwa ukuqala ngokwa-
mukela labo bantu asebevele be-
nalesi sifo kungenza izinto zibe lula.

"Kunzima khona ukukhuluma
ngalezi zinto ezinganeni eziningi
kodwa uma singakwazi ukuqala
ngokwamukela labo asebevele beg-
ula yilesi sifo, kungangcono ngoba
abantu bangayeka ukufihla babone
ukuthi akulona ihlazo uma upheth-
we yingculazi futhi akusho ukuthi
usuke ungaziphethe kahle. Kuhle
ukusheshe uzihlole ukuthi unaso
yini kunokulinda ukuthi uze ugule.
Uma uzibhekele wena usuke ulin-
dele noma yini kanti uma usugula
isikhathi esiningi uhluleka ngisho
ukudla imishanguzo yakhona",
kubeka uMnu Khumalo.

sboc@ilanganews.co.za